Soek jy 'n fantastiese tutor?

www.teachme2.com/matriek

Byeengebring deur

teachme2

Soek jy 'n fantastiese tutor? www.teachme2.com/matriek

basic education

Department:
Basic Education
REPUBLIC OF SOUTH AFRICA

SENIOR CERTIFICATE EXAMINATIONS/
NATIONAL SENIOR CERTIFICATE EXAMINATIONS

ISIZULU ULIMI LWASEKHAYA (HL)

IPHEPHA LOKUQALA (P1)

2023

AMAMAKI: 70

ISIKHATHI: Amahora ama-2

Leli phepha linamakhasi ayi-12.

Akuvumelekile ukukopisha leli phepha *Pheqa ikhasi*

Soek jy 'n fantastiese tutor? www.teachme2.com/matriek

IMIYALELO KWABAHLOLWAYO

1. Leli phepha lehlukaniswe IZIQEPHU EZINTATHU:

ISIQEPHU A:	Isivivinyo sokuqondisisa	(30)
ISIQEPHU B:	Ukufingqa	(10)
ISIQEPHU C:	Izakhiwo nezimiso zokusetshenziswa kolimi	(30)

2. Fundisisa YONKE imiyalelo ngokucophelela.

3. Phendula YONKE imibuzo ekuleli phepha.

4. Qalisa ISIQEPHU NGASINYE ekhasini ELISHA.

5. Hlukanisa ngokudwebela emuva kwesiqephu.

6. Bhala izinombolo njengoba zisetshenziswe ephepheni.

7. Yeqa umugqa emuva kombuzo ngamunye.

8. Qaphela isipelingi kanye nokwakhiwa kwemisho.

9. Ungasebenzisa isikhathi sokubhala ngale ndlela elandelayo:

ISIQEPHU A:	Imizuzu engama-50
ISIQEPHU B:	Imizuzu engama-30
ISIQEPHU C:	Imizuzu engama-40

10. Bhala ngobunono futhi kubonakale.

Soek jy 'n fantastiese tutor? www.teachme2.com/matriek

ISIQEPHU A: ISIVIVINYO SOKUQONDISISA

UMBUZO 1: UKUFUNDELA UKUQONDISISA

1.1 Fundisisa UMBHALO A ubuye ubukisise NOMBHALO B ongezansi bese uphendula imibuzo elandelayo.

UMBHALO A (OFUNDWAYO)

UKWEBIWA KWAMAKHEBULA KAGESI

1 Kuningi okwenzeka eNingizimu Afrika kulezi zinsuku okukhombisa ukuthi ubugebengu budlangile nxa zonke. Kuyadumaza ukucabanga ukuthi kukhona abantu abahlalela ukunqamula lonke uhlobo lwezintambo zikagesi noma lwamakhebula ongalucabanga mihla namalanga. Ngempela lo mkhuba usuyinsakavukela umchilo wesidwaba. 5

2 Lobu ubugebengu obuhleliwe futhi bukhokhelwa imali eshisiwe. Umthelela emabhizinisini, emphakathini nasemnothweni jikelele uba mubi. Akugcini lapho kuphinde kukhinyabeze izitimela ezithutha umphakathi. Inhloso yokwebiwa kwamakhebula ukukhipha ithusi elisuke liphakathi. Leli thusi lisetshenziswa kakhulu kuzingqalasizinda ezifana nezimboni kubandakanya ezokuxhumana. 10

3 I-South African Chamber of Commerce ithi ukwebiwa kwamakhebula kungalahlekisela umnotho waseNingizimu Afrika imali elinganiselwa ezigidini eziyisi-5 ukuya kweziyisi-7 ngonyaka. Ngokujwayelekile lezi zintambo zebiwa ngabantu abakubuka lokhu njengendlela elula yokwenza imali. Iningi labo abanayo imisebenzi abayiqeqeshelwe. Ngakho-ke bangena shi kulolu hlobo lomsebenzi ukufeza izinhloso zabo. Imiphakathi emininingi ayisali ngaphandle ngoba kukhona abaxhuma noma basebenzise ugesi ngokungekho emthethweni. Osomabhizinisi abadayisa izingxenye zezimoto ezitholakala ezimotweni eziphukile noma ezindala yibo abanobudlelwane nalezi zigilamkhuba. Ziyabathengisela bese bona bazithumela emazweni anjengo-China. 15 20

4 Lokhu kuntshontshwa kwezintambo zikagesi kuvamise ukuba nemiphumela yokungabi nogesi izinsukwana nangaphezulu. I-inthanethi kanye nezingcingo nazo ziyaphazamiseka. Kuyenzeka kwesinye isikhathi **basale dengwane** abagibeli lapho kugitshelwa khona izitimela ngoba zingakwazi ukuhamba izitimela uma izintambo zinqamukile. Lokhu kwenyusa izinga labantu abafika emsebenzini ngemuva kwesikhathi noma bagcine bengafikanga. Amanye amabhizinisi ayaphoqeleka ukuba avale okwesikhashana, okungaba amahora noma izinsukwana ezimbalwa. 25 30

5 Izinga lobugebengu liyenyuka uma izibani ezisemigwaqeni emalokishini nasemadolobheni zingasebenzi. Abantu abashayisa ebusuku emsebenzini bazithola besengcupheni yokugcwelezwa. Emigwaqeni nakhona kuyaye kudaleke isiminyaminya sezimoto nezingozi ezingenasidingo ngoba amarobothi asuke engasasebenzi. 35

Soek jy 'n fantastiese tutor? www.teachme2.com/matriek

6 Emizini eminingi ukudla okugcinwa eziqandisini kuyenzeka kubole. Izinto ezisebenza ngogesi nazo ziyafa ngoba uma usubuya uyaye ubuye ngamandla. Kwesinye isikhathi imizi nezinye izakhiwo zomphakathi kungasha kungqongqe. Izinkampani ezifana no-Eskom no-Transnet ziyashayeka ngoba yizona eziphazamiseka kakhulu ngenxa yokuthi zithwele ezokuthutha nokuhlinzekwa kukagesi okuyizinto ezibaluleke kakhulu ekuthuthukiseni umnotho. Esimeni somnotho kuba kubi kakhulu ngoba kungagcina sekuxosha abatshalizimali abafukula umnotho wakuleli.

7 Kukhona osekwenziwe ukulwisana nalesi sihlava sokwebiwa kwamakhebula. Kwesinye isikhathi kuyaye kusweleke ulwazi kulabo abasuke besebenza ophikweni oluvikela ukwebiwa kwalezi zintambo. Muva nje uchitshiyelwe umthetho olawula ukudayiswa kwezinto esezike zasetshenziswa ukuze kwehliswe ukudayiswa kwamakhebula ebiwe kodwa izinga lilokhu lenyuke njalo. Lo mthetho ukubeka ngokusobala ukuthi odayisa amakhebula asesebenzile kufanele abhalise lelo bhizinisi. Kudingeka anikeze imininingwane ephelele, aphathe incwadi enobufakazi bekheli umazisi nenombolo kamakhalekhukhwini. Abadayiselwayo kunemigomo okulindeleke ukuba bayilandele okungaba inombolo yalowo mkhiqizo osuke ufike nomdayisi. Okunye okumele bakwenze ukuba babike kwabomthetho uma besola ukuthi ababadayiselayo, babadayisela izinto ezebiwe.

8 Ziningi izindlela ezingasetshenziswa ukulekelela ingalo yomthetho ukunqanda lo mkhuba. Kugafakwa amakhamera acashile asebenza nangamabhethri emalokishini nasemadolobheni. Ezinye izikhungo zidinga nje ukubiyelwa ngocingo olunameva, kwakhiwe izakhiwana ezineminyango yensimbi kanye nogesi. Kungasetshenziswa amajeneretha ukuze uma kwenzeka ucisha ugesi ngenxa yokwebiwa kwezintambo kutholakale ukuthi uyaxhumeka ngokushesha ngaphandle kokuphazamiseka. Izimpawu eziqukethe ukuthi abatholakala bethatha ngozwani lezi zintambo bayobhekana nengalo yomthetho nakho kungenza izigilamkhuba, ikakhulukazi **eziyizimfundamakhwelo,** zesabe zingazami nokuzama. Ezinye izikhungo ziqashe ogqayinyanga ukuze bagade izakhiwo ezahlukene. Inkinga kulokhu ukuthi abaningi babo baphatha imishiza nje kanti izigebengu zisuke zihlome ziyizingovolo.

9 Umphakathi ungabambisana ekwehliseni nasekunqandweni kwalo mkhuba osudlange kangaka futhi onomthelela omubi. Le inkinga ngeyomphakathi, hhayi uhulumeni kuphela ngoba abantu abenza lokhu bayaziwa emphakathini. Abanye bayasatshwa ngoba baphatha izikhali eziyingozi futhi bayabasabisa labo abafuna ukubampimpa. Wonke umuntu oyilungu lomphakathi unomthwalo wokuthi enze konke okusemandleni akhe ukulwisana nalo mkhuba. Inselelo ukuthi amalungu omphakathi awakhulume ngazwi linye athi, 'sekwanele' futhi abike ngalezi zigameko kwabakwasidlodlo. Kulabo abamdibimunye nalobu bugebengu kufanele behlale bazi ukuthi <u>kukhona okusina kubajeqeza</u>.

[Icashunwe ku-https://www.researchgate.net, yahlelwa kabusha]

KANYE NO

Soek jy 'n fantastiese tutor? www.teachme2.com/matriek

1.2 Bukisisa lezi zithombe ezingezansi bese uphendula imibuzo elandelayo.

UMBHALO B (OBUKWAYO)

1	2
	
3	**4**

[Zicashunwe ku-intanethi-powertime.co.za zahlelwa kabusha zase zihunyushwa]

IMIBUZO YOMBHALO A (OFUNDWAYO)

1.1.1 Shono ukuthi mkhuba muni lo osudlangile kulezi zinsuku ngokwalesi siqeshana. (1)

1.1.2 Tomula isimo sokukhuluma esitholakala esigabeni soku-1. (1)

1.1.3 Nikeza izizathu EZIMBILI ezingadala ukuba abantu bantshontshe amakhebula kagesi. (2)

Soek jy 'n fantastiese tutor? www.teachme2.com/matriek

1.1.4 Fingqa ngamaphuzu AMANE ukuthikamezeka komphakathi okwenzeka uma kwebiwe amakhebula kagesi. (4)

1.1.5 Khetha impendulo enembayo kulezi ezilandelayo:

Amazwi abhalwe ngokugqamile esigabeni sesi-4 achaza …

A ukusala umangele.
B ukusala ukhala.
C ukusala umile.
D ukusala ungenalutho. (1)

1.1.6 Chaza ukuthi osuke enjani umuntu obizwa ngemfundamakhwelo. (2)

1.1.7 Iyini inhloso yombhali ngokubhala ngalolu hlobo lobugebengu? Sekela impendulo ngamaphuzu anembayo. (3)

1.1.8 Ngabe ukucisha kukagesi kungaba nomphumela onjani emnothweni wakuleli? Sekela impendulo yakho. (2)

1.1.9 Ngokucabanga kwakho uhulumeni wenza okwanele yini ukunqanda lolu hlobo lobugebengu? Sekela impendulo yakho. (2)

1.1.10 Ncoma ukusetshenziswa kwamazwi adwetshelwe esigabeni sokugcina. (2)

KANYE NO

IMIBUZO YOMBHALO B (OBUKWAYO)

1.1.11 Chaza okwenzeka esithombeni soku-1. (2)

1.1.12 Chaza kafushane iqhaza elibanjwa ngabantu abasesithombeni ukunqanda ukwebiwa kwamakhebula. Bhekisa impendulo yakho kokwenzeka esithombeni sesi-2. (2)

1.1.13 Qhathanisa umqondo oqukethwe yisigaba sesi-8 esikuMBHALO A kanye nesithombe sesi-3 esikuMBHALO B. (4)

1.1.14 Phawula ngokubaluleka kwesakhiwo esisesithombeni sesi-4. (2)

AMAMAKI ESIQEPHU A: 30

Soek jy 'n fantastiese tutor? www.teachme2.com/matriek

ISIQEPHU B: UKUFINGQA

UMBUZO 2: UKUFINGQA ISIQESHANA NGAMAGAMA AKHO

Lesi siqeshana esilandelayo (UMBHALO C) simayelana nokungenziwa ukugwema izinhlekelele uma kunemvula enkulu.

QAPHELA:

1. Fingqa lesi siqeshana esimayelana nokungenziwa umphakathi ukugwema izinhlekelele ezidalwa ukuna kwemvula enkulu usebenzise amagama akho angedluli kwangama-70.
2. Fingqa **ngesigaba KUPHELA.**
3. Ungabe usasibhala isihloko uma usifingqa lesi siqeshana.
4. Bhala inani lamagama owasebenzisile ekugcineni kwesiqeshana osifingqile.

UMBHALO C

OKUNGENZIWA UMPHAKATHI UKUGWEMA IZINHLEKELELE EZIBANGWA UKUNA KWEMVULA ENKULU

Izinhlekelele ezidalwa imvula zishiya umphakathi ukhala. Zinganqandeka uma kungaba nezinhlelo zokufundisa ngokubaluleka kwemvelo. Izihlahla zisiza ekubambeni ukuguguleka komhlabathi, zinike nempilo. Kwesinye isikhathi ukuphepha komphakathi kuncika kuzo izihlahla. Umphakathi mawuzitshale izihlahla zingagawulwa ukuze uphephe ngesikhathi esinzima esingadalwa imvula enguzamcolo. Amanzi ayabambezeleka angasheshi angene ezindlini. Izimpahla nabantu bathathwa ngamanzi anamandla baze batholwe sebegaxele kuzo lezi zihlahla okusiza ukuba batholakale.

Yonke imigwaqo iba nezisefo ukuze kungangeni udoti emapayipini ahamba amanzi. Phela kungangena yonke imfucuza le uma lezi zisefo zingasawusefi udoti. Ungathola amanabukeni angcolile, opulasitiki bakadoti nokunye. Kuhle ukuzijwayeza ukulahla udoti emgqonyeni kadoti kunokuwulahla phansi. Uma kunodoti emgwaqeni amapayipi ayagcwala ahluleke ukuhambisa amanzi uma sekuna imvula. Khumbula ucwazi awugugi futhi awuboli uhlala unjalo uma ungene epayipini.

Kudala umuntu ubengavele akhe noma yikuphi. Uma udinga indawo yokuhlala bewubekwa ngabaphathi bendawo. Indawo ibibhekwa ukuthi umhlabathi ukulungele yini ukubeka isakhiwo. Abantu mabangakhi ezindaweni ezingafanele noma naseduze kwemifula. Uhulumeni ubeke umthetho wokuhlaliswa kwabantu okumele ulandelwe. Abangawulandeli lo mthetho mabanikezwe isijeziso bese bebhekelwa ezinye izindawo ukuze kugwemeke izinhlekelele.

Izakhiwo zomphakathi aziphasiswe onjiniyela bezokwakha kuqala ngaphambi kokuba zisetshenziswe umphakathi. Singabala izikole, amasonto, imitholampilo kanye nemizi uqobo. Umthetho wokucwaninga kwesakhiwo awuqine impela. Akusizi ukwenza izinto ngokuxhamazela ngoba ekugcineni kudaleka umonakalo odla uhulumeni izindodla zemali, kulahleka nempilo yabantu.

Soek jy 'n fantastiese tutor? www.teachme2.com/matriek

Amanzi ayingozi kakhulu ngoba anamandla okukhukhula kwasani. Umhosha ungabukeka ushile kodwa uma uba namanzi amaningi qhela ukuze ungamuki. Wonke umuntu ujaha ukuya ekhaya uma like lahloma izulu ukuze avikeleke. Abantu bayamuka kulahleke imiphefumulo kungenasidingo ngenxa yokungaqapheli.

Umphakathi unesibophezelo sokuphephisa imvelo ngokuthi wandise izindlela zokuxhumana ukudlulisa imiyalezo eqondene nokuvikela izinhlekele ukuphephisa isizwe. Kwesinye isikhathi kuyaywe kuthunyelwe abezokuphepha uma kunobungozi obuzayo. Umphakathi mawuzilalele izexwayiso ezikhishwa abesimo sezulu, izinhlaka zonke zikahulumeni ukuphephisa imindeni namakhaya awo.

[Umbhalo wokuziqambela]

AMAMAKI ESIQEPHU B: 10

Soek jy 'n fantastiese tutor? www.teachme2.com/matriek

ISIQEPHU C: IZAKHIWO NEZIMISO ZOKUSETSHENZISWA KOLIMI

UMBUZO 3: UKUHLAZIYA ISIKHANGISI

Fundisisa lesi sikhangisi (UMBHALO D) bese uphendula imibuzo ezolandela.

UMBHALO D (OFUNDWAYO NOBUKWAYO)

[Sicashunwe ku-inthanethi i-glepics sahlelwa kabusha sase sihunyushwa]

3.1 Shono ukuthi sibhekiswe kobani lesi sikhangisi. (1)

3.2 Qhathanisa ukuthi umuntu wesifazane okulesi sikhangisi uhambelana kanjani nomkhiqizo okhangiswayo. (3)

3.3 Isijobelelo esidwetshelwe kulesi sikhangisi siveza umqondo wokukhulisa. Phinda usisebenzise lesi sijobelelo emshweni ozakhele wona, sesiveza umqondo owehlukile kunalo osesikhangisini. (2)

3.4 Humusha ukusetshenziswa kwamazwi athi, 'Nge-Avalife Yodumo, ingcindezi uzoyizwa ngendaba.' (2)

3.5 Hlaziya izithako ezisetshenziswe ukwakha umkhiqizo we-Avalife. (2)
[10]

Soek jy 'n fantastiese tutor? www.teachme2.com/matriek

UMBUZO 4: UKUHUMUSHA IKHATHUNI

Bukisisa UMBHALO F bese uphendula imibuzo elandelayo.

UMBHALO E (OFUNDWAYO NOBUKWAYO)



[Sithathwe sabuye sahlelwa kabusha ku: www.familycircus.com]

4.1 Yikuphi OKUBILI okukhombisa ukuthi owesifazane okule khathuni uthukuthele? (2)

4.2 Tomula umusho osendleleni ephoqayo otholakala enkulumeni kamama. (1)

4.3 Qhathanisa umehluko phakathi komuzwa ovezwa yinja ehlezi kusofa kanye nalena elele phansi. (2)

4.4 Amazwi asesibiyelweni somfana amveza esesimeni esinjani? (2)

Soek jy 'n fantastiese tutor? www.teachme2.com/matriek

4.5 Khetha impendulo enembayo kulezi ezilandelayo:

Ukuhleleka kwale khathuni njengethekisthi kukhombisa …

A ukuchaza indaba.
B ukwethula inkinga.
C ukunika isixazululo.
D ukwethula ingqikithi. (1)

4.6 Hlaziya umyalezo othi, 'imizi kayifani' odluliswa umdwebi wale khathuni. (2)
[10]

UMBUZO 5: IZAKHIWO NEZIMISO ZOKUSETSHENZISWA KOLIMI

Funda lesi siqeshana esingezansi bese uphendula imibuzo elandelayo.

UMBHALO F

ILOBOLO

Intombi nto uma isizogana abakwamkhwenyana babekhipha inkomo eyodwa ezohlatshwa kubo kamakoti, umncamo. Inkomo yayihlatshelwa ukubikela abangasekho ukuthi indodakazi yabo isiyahamba iyovusa omunye umuzi. Kwahamba kwahamba kwabonakala ukuthi akukuhle ukuthi intombazane ihambe iyogana ingashiyi lutho ekhaya. Kwangezwa ngezinkomo ezimbili ekayise nekanina ezizokhishwa umkhwenyana ukubonga umukhwe nomkhwekazi ukuthi bamzalela inkosikazi. Ngalokho-ke zase ziba zintathu izinkomo zamabheka.

Ngokuhamba kwesikhathi izinkomo zase ziyengezwa. Isibonelo, izinkomo zendodakazi yomnumzane zaba yi-11, ezalwa **induna** yenkosi zaba yi-16, ezalwa yiSilo zaba ngama-24 noma kube wumhlambi. Iloboloke kuyacaca ukuthi kwakungelo kwakha ubuhlobo futhi kunenani elifanele nelaziwayo. Intombi yayingathengwa, kwakwakhiwa ubuhlobo. Ilobolo liyisihle futhi lingeyona imfihlo. Ilobolo lalinganqunywa ngokubheka ukuthi intombi izalwa emzini onjani. Ukunyuka kwenani lelobolo esikhathini samanje, kwenze iSilo sathi, 'Nginezinhlelo zokubuyisa inqubo ewusiko lakwaZulu.' Abanye abantu bangakushayela ihlombe lokho ngoba abesilisa abaningi abaganiwe ngenxa yenani eliphezulu lelobolo.

[Icashunwe ku-Isolezwe, *Mbasa* 13–22: ikhasi11 yahunyushwa yase ihlelwa kabusha]

5.1 Shono ukuthi igama elidwetshelwe emgqeni woku-1 lisetshenziselweni. (1)

5.2 Tomula igama elitholakala emgqeni wesi-2 elikhomba ukuhlonipha. (1)

5.3 Bhala isifinyezo segama elidwetshelwe emgqeni wesi-8. (1)

5.4 Shono ukuthi le thekisthi ihleleke kanjani. (1)

5.5 Sebenzisa igama elibhalwe ngokugqamile emgqeni wesi-9 selinikeza incazelo eyehlukile kunetholakala esiqeshini. (2)

Soek jy 'n fantastiese tutor? www.teachme2.com/matriek

5.6 Lungisa umusho odwetshelwe emgqeni we-10 kuya kowesi-11 usebenzise ubhalomagama olufanele. (2)

5.7 Isakhi esidwetshelwe emgqeni wesi-8 sisetshenziselweni. (1)

5.8 Guqula inkulumo ngqo edwetshelwe emgqeni we-14 ibe inkulumombiko. (1)
[10]

AMAMAKI ESIQEPHU C: 30
AMAMAKI ESEWONKE: 70